abeSutu, nama Zulu nama Xosa asenalo elawo, kodwa nina inkomo ehlinzelwa pezu kwenu anenze luto. Nidhla obudala ubutongo, umuntu anganiqukula nivuke esenani kwelinye izwe, kepa zonke izinhlanga zipapeme, ao Gandhi base majele ngokufuna amalungelo abo, amaLawu aseke apontsa incwadi enhlanganweni, kepa uZulu ayiwoyi eyokusuka emakaya noma sebeze bazijuba abe Congress bayimema. Tina Le Langa ngenxa yezingxakeko, besingayile le e Mgungundhlovu, kepa silindele kwaze kwablwa ngo Mgqibelo eTekwini ukuba sizwe eze Congress, sezwa wbna lamanyala esesiwalande ngenhla. Sita sise Tekwini sabo na enye rama Chiefs amnyama yati ibitanda ukuya, yaze yaya kocela ne pass enkantolo yakubo, kwafike kwenqatshwa ngezwi lokuti akudingeki abantu babe nezinhlangano zabo bodwa bengamenywe mlungu. Asazike noma ezifundeni ngezifunda abantu batikinyezwe iloko yini, kepa noma amakosi ebengayile bekufanele umpakati ongacwasiwe njengamakosi ukandane wona. Yizo lezi zinto zokuvalwa imilomo ebezi zopateka esikalweni senu pambi kwa makosi ehlangene. Abantu mina sebengehlulile!

## U-DINUZULU.

NgolweSibili kusihlwa uDinuzulu ubebekwa icala okuyilona icala lake lizotetelwa pezu kwalo. Ngomteto aliyoze laqalisa kuze kube semva kwa masonto amabili. Kepa okubi ikuba i Witness litiuyagula; kubuye sona lesiya sifo esake saze samyisa esibhedhlela. Ukwelwa ikanda, ope emakaleni.

U Cakijana okade eboshwe e Nkandhla uyiswe e Mgungundhlovu ngo Mgqibelo ekakwe amapoyisa, waye wafakwa emabalekisi awongqai. Ubuye wadhluliswa waqonda eMgungundhlovana. Icala lake kutiwa ilona koqalwa ngalo mhla kuvulwa inkantolo le ezoteta elika Dinuzulu.

No Mr. W. P. Schreiner, Ummeli omkulu ka Dinuzulu ufinyelele e Mgungundhlovu ngo Msombuluko beno Mfutshane; mhlaumbe sibhala nje namhla base Mgungundhlovana sebeye kolungiselela ukumela oka Cetshwayo. Ngo lweSibili amabuto awongqai angamashumi aisitupa adhlule e Tekwini ebange kona e Mgungundhlovana, kutiwa azohlala kona sonke isikati kusatetwa icala lika Dinuzulu.

## EZAS' OHLANGE.

NgolweSitatu abafana namantombazana Ohlange, bebeyaluziswa into ka Gebers, ibahlola laze lashona binqo; abanye bebetatazela besaba ukwehluleka nokudhla kungasangeni. Kepa noma umhloli ebengakawaqedi amapepa ute iningi labo limhlabe umxwele, wakala ngekilazi laba linye ate lisepantsi, uStandard II. Kute ukupuma kwesikole izolo uMafukuzela wenzela abe "Wild Zebras Football Team" idili, elidhliwe isikole sonke, emva kwalo kwala ndwa indaba yokuti sanqoba kanjani, lapo izimambane zixoxa impi yazo, nentsini enkulu. Uteacher Kuzwayo abavamisa ukumbeka pambili ngoba bemazi ukuti adhlali esheshe, wahloma igoli; kukona inkomana ka Mahludi, abati iMotor Car, ayi inkomana yakwabo ingacwaya nalo inqaba, ati uyalitata omunye umfana ilikipe pantsi kwemilenze, iliyise kwabakubo; po. ngo Jimmie, ifull back yokugcina beno Ray, lukona uzwaceyana lapa olu uRichard ewingini, singabala sitini nangempandhla ka Dube u Charles, elishaya nangekanda okute ngalo leligemu lokunqoba watutela amagoli amabili ngokwake. Bekujatyulwa zintsizwa nabafana baka Mafukuzela, bebona nenkomishi yabo abayinqobile. I Mercury ngolweSitatu ibigcwele indaba ende ilanda ngako ukunqoba kwama "Wild Zebras." Lukulu udumo luka Clem Tshabalala ngalezintsuku.

## EZE BOLA.

Anqobile ama Wild Zebras ka Mafukuzela. Inkomishi engumvuzo we club elehlule amanye namhla isemagqumeni abuka isibubulungu. Hurrah for the Zebras! Abetolene nama Vultures enkundhleni yase Tekwini seku amangamu. Loku indaba yomuntu beseku mnyama, kepa inkundhla yebola igcwele amanzi, noko watsho u Captain wezeskole sas'Ohlange uClement A. D. Tshabalala wati pakati Zebras, this is your last day. Bafola abafana besikole begqoke i uniform yabo enhle angena ama Vultures, ngamnyembe awo aluhlaza, yakala impempe. lasuka ibola, po, babe beyate bazama ukuba lindize pezulu alibamba amanzi. Loku kugcwele abafana besikole bebehlele nokuya kobona imikumbi yempi, babe beyate play Jimie, betsho kwi full back abametembayo, uJames Dhlamini, alibamba amanzi. babe beyate play Ray, betsho ku Capt. uClement Tshabala, alibamba amanzi, lapo bashelele babe umtwalanyama pezu kwalo, waze wapela uhalf time. Lapo yatukutela yatelwa ngamanzi intoka Dube u Charles L utisha wabo. Bahlangana ngamakanda, bati ningabe nisalikahlela ngamandhla, anolikapa nje. Yanele ukukala nje impempe wo, lapo uMafukuzela wati angazike boys ukuba nobuyelapi. Balisusa baye balihlema pakati egolini, kwacwaza isigodi senanela, bashesha balifaka futi, baze balifaka kane. Ngitsho noma akalinukise ama Vultures kanye kodwa loku. Lapo sebeqedile, izinsizwa zase Tekwini uClement zametwala pezulu zenanela ukuba iteam yake inqobile, zazungeza naye enkundhleni. Baqoqana abas'Ohlange batsho ihubo labo lokunqoba kwahlakazekwa. U Mr. Juliet, ohlanganisa imiti ka Dr. McCord, wabiza abafana bas'Ohlange baya kodhla itiye kuye nezinkwa baze bashiya pantsi.

Kute kusihlwa loku behle bepeti izigubhu namaxilongo baya eMatyeni ukuya kokwenza iConcert, indhlu yegcwala abantu abangu 1,800, uMr. Wade, iPresident ye Football Association isiyipete inkomishi, yabiza uMr. Tshabalala, uCaptain wama Zebras, yenza inshumayelo enhle imnikeza inkomishi. Kwaba kona umdhlalo omuhle, ongandile ukubonwa e Tekwini. Seswele indawo yokulanda konke kona. Hurrah for the Wild Zebras of Mafukuzela. Umnikelo eConcetini ube £6. 10.

Abantu abadhliwa izikali zabo, amaVultures ayalidhlala i Bola noma kambe abengalidhlaleli udawo kumaDube anSondo. Izinto zawo Mzamo, u Daniel, eseke watontela nalo ibola, angakali nywa obani abalaziyo; zinezinto zawo Sokulu ekade zayiqala inkomo engenampondo. Ukwehlola amaUnity namaWanderers ase Tekwini ak siyo into encane, yiko siti amaVultures, afanelwe udumo—Three cheers for the Vultures of Durban!

## IZINDATYANA NGEZINTO NABANTU.

Semukele incwajana enhle impela, ecindezelwe ngolimi lwabantu eShowe ngu Mr. Parkins. Lencwadi ilanda yonke indaba ye Bandhla elaliketwe ngu Hulumeni ukuba lihlole inhlalo yabantu. Kungaba kuhle bonke abakiti bayitenge.

—o—

Ngaleli Sonto elidhlule, u Mr. Donovan, inkosi yamapoyisa ubebize abantu base Matsheni, nabase Skompulazi, ngezintsuku ezehlukeneyo obacasisela umteto omutsha wotshwala. Umteto omutsha wotshwala opatelela emadolobeni, uti, amuko umuntu oyogaya utshwala. Nxa kufunyanwa nenkomishi encane inotshwala endhlini yomuntu, lowo muntu wobekwa icala, ahlauliswe ngo £20. noma engenaye aboshwe izinyanga ezi yisitupa esebenza nzima. Ute u Mr. Donovan, atandi ukuzuma abantu, ubanika izintsuku kuze kube u Mgqibelo engaka watumi amapoyisa ukuba a qinise lomteto.

—o—

Nina enipuma ngapandhle nitwele utshwala kuhle nazi niyobekwa icala manje.

—o—

UMr. Josiah Mapumulo ubhalele ipepa labelungu esola ukuti abantwana bezikole za bantu bona abanikwanga ngani ituba elinikwe ezama Indians nabelungu ukuba baye kobona imikumbhi yempi e Tekwini. Wakomba nokuti bekungaba into enhle uma namakosi amnyama abeyisiwe kona. Impela uMr. Mapumulo uhlabe emhloleni. Ngiti uma ibisahlezi bebezoyiswa ngoba ngibonene nabelungu abaningi eTekwini bati wepuzelani uMr. Mapumulo ukuveza indaba enje na?

—o—

Ao Hon. J. X. Merriman beno Dr. Beck, M.L.A. bebehambele isikole sas'Ohlange nge Sonto. Batokoza ngokudhlula indawo ukubona imfundiso ka Mafukuzela. Udumo olunje alwelili mihla yonke kubantu

—o—

Bati umhlangano we Congress upenduke imbuqa ngolweSihlanu oludhlule. Indhlu emnyama idhla ubutongo obudala. Nokumemeza kwe Langa pinde kuyivuse.

—o—

Imvula ivimbezele, ayisaniki abantu netuba lokuba balime. Imitombo iquma pakati kwamasimu. Nesifo sezinkomo sibhalhe ngokwaso.

Siyajabula ukuzwa ukuti abantu bayanda emitasheni yegolide e Kozi, amashayina aya ngokuncipa.

—o—

U Mr. Mangena usaloku ewa jongile njalo amapepa amjivazayo, upumelele futi namhla ecaleni abemangalele elinye lawo.

—o—

Ngo Mgqibelo ngalapa e Zimbokodweni, unyazi lubulele indoda nomkayo besendhlini. omunye umtwana obe beletwe umina wasinda, nabanye abatatu abebesendhlini.

—o—

URev Wm. Makanya usibhalele incwadi ese Bloemfontein engakafinyeleli Osutu lapo beya kona enhlanganweni enkulu yenkambuzelo yokufika kwabefundisi kona ngeminyaka engu 75 edhlulileyo. Ubabaze ukweswelëka kotshwala bababantu kulowo muzi, wati nabantu bakona bati abafuni uma kugaywe utshwala.

—o—

Ngolwesitatu bekufike umhloli wezikole zabantu lapa Ohlange uMr. Gebers eze kohlola isikole sas'Ohlange.

—o—

I Gazette lako Mkulu elisandu kupuma lisitshela ukuti ao B. M. Kunene beno W. Gcabatshi bapumile emtetweni wabantu.

—o—

Ngomso usuku lokugcina ukuba umuntu e Tekwini a ficwe epete utshwala, ngapa ndhle kokuba epuza lapo butengisa kona nge layisense.

—o—

U Hulumeni wase Cape Colony okade ekona lapa ngalama Sonto adhlule, epile kahle, use Cape Town ugula upantsi kokufa, wosinda ngamandhla e Nkosi, kutiwa unomkuhlane wamapapu.

—o—

Imikumbhi yempi ekade izonikeza udumo kulenhlangano enkulu yamakosi ase South Africa abutene e Tekwini, ihambile. Batusa impato enhle abapatwe ngayo lapa e Natal.

—o—

UKona umuntu owahlanya ngalapa eSalisbury, kwe lawo Nombengulu, oweba isibhamu somlungu usehambe qushuza abelungu nje yonkindawo. Sekufakwe nempi yamapoyisa iyamlandela.

—o—

Ipepa las'Osutu i"Naledi" lihlauliswe £50. ngoba kutiwa latunisa omunye umuntu endabeni elaliyibhalile.

—o—

Izindhlu zobukosi e Bloemfontein zishile, kwehle incitakalo enkulu impela.

—o—

Amakosi abehambele Ohlange ase Cape Colony ngeSonto, ashiya u Mafukuzela emamateka ngo mnikelo ampe wona woku sekela isikole. Nampo ubukosi obuhlaba abantu umxwele wena ka Merriman nawe ka Beck, u Simakade anibusise.

—o—

Abas'Ohlange babe sizwa e Concertini iChoir lase Tekwini elipetwe umfo ka Mr. B. M. Dube. Batsho kwaba mnandi labo bantwana.

—o—

Abase Matyeni e Tekwini babenzele u Mr. D. Donovan, iNkosi yamapoyisa isipo esihle, bate sebembizile ukuba azosemkela wafike wala, wati uyawu bonga umsa wabo, kodwa anamandhla ngo mteto opete amapoyisa ukuba emukele isipo noma i[illegible].

## Umzimbha Wetlu: Okufanele Umuntu akwazi ngawo.

### Rev. A. T. Bryant,

Copyright No. 10.

INTLIZIYO. Kepa-ke nokuba ubuchopho buy'inkosi, buphethe sonke isizwe lesi esing'umzimbha wethu, bungeze baba'nkosi nga'ndawo uma bungena'zinduna ezibusekelayo. E! izinduna ezyisekelayo le'nkosi eng'ubuchopho nazi—amaphaphu, nosu, nesibindi, nokunye. Kepha induna enkulu, nqa'nolajuqa, y'intliziyo. Ingayeka yona ukusekela ubuchopho, bunlyani ubukhosi babo khona lapho. Kesiye 'kwoth'ibandla kuyona manje, siboae uma kuy'indoda enjani, ephethe isikhundla esinjani.

E! umzimbha wethu kambhe uyengenwa ngomlomo, owona ungathi isango lawo. Futhi, njengas'esangweni lomuzi, sisathi gabavu ukungena, sidlule emakaleni, sibe sesimiswa ukwahlukana kwezindlela; enye okuthiwa uqhoqhoqho, ibheka ngalapha, iye emapashini (indlela yomoya leyo); enye okuthiwa ummizo, ibange oswini (eyona 'ndlela yokudla).

Kodwa kayikho 'ndlela esingayithola, eyakusiyisa, isibeke qatha entliziyweni, njengoba kunjalo emapashini nas'oswini. Yona ihlezi njalo ifofobele esigodiweni sayo, ithiwe goxo emkathini wamaphaphu omabili. Ake ubale izimbhambho zakho uthathele phezulu ohlangothini olungakwesesinxele. Phakathi kwobambho lwesine nolwesithupa, ecaleni impela kwethambho lesifuba, nantsoke indawo yentliziyo.

Ngike ngibone abantwana bedlala ngamaphepha lawa abelungu okudlala (cards.) E! intliziyo-ke, isimo sayo, ithi mayifane naye amaggebheni. Kodwa ukulala kwayo emzimbheni ilele lubule. Ngaphandle-ke ithiwe mbho ulwambhesi lwayo. Uqobo lwayo, ungathi intsulungu yenyama ebomvu; ingani igobesi lemisiphasipha nje. Ngoba phela ngaphakathi yakhiwe ngamakamelwana amane, amabili engaphezulu, amabili engenzantsi. Ubukhulu, ingangesandla sendoda sifumbetwe. Umsebenzi wayo-ke ukuqhuba igazi emzimbheni. Y'ilokhu aphuma umuntu ku'nina, aze athi kogo ukugaga, lel'iwashi lomzimbha lilokhu li amba, libala izikhathi, gqu! gq! gqu! njalo. Lingathi ukuthula, ngisho isikhashana nje esisodwana kuyo yonke leyo'minyaka eminingi kangaka, kube sekuphela juqu khona lapho ukuhambha kwalowo'muntu. Uzima kangaka umsebenzi owenziwa intliziyo, umsebenzi kambhe wokuqhutywa kwegazi.

Ayike! abanye kinina mhlawumbhe sebake baya'kusebenza emizini emikhulu yabelungu. Abanjalo-ke boba bebonile icebo labelungu abasusa ngalo konke okubi okude kuvela ezindlini zakhona. Bayakwazi ukuthi kuy'ileyo'ndlu inethunjana layo lentsimbhi okungena kulo, kuqauke ngalo, konke okubi kwaleyondlu; lithi lelo'thunjana libe seliya lihlangana nelikhulu elihambhayo phantsi emhlabathini phakathi nezitaladi elona likuthutha konke lokho, likuthulule lapho kuntyingwa khona.

Bayakwazi futhi ukuthi kukhona namanye amathunjana endlini, afikisa kuyo amanzi nokunye okusweleklleyo ukuba kuhambhe kahle imisebenzi yakhona.

Nomzimbha womuntu futhi unjalo; unamathumbhu awo okuyisa ezithweni zawo okuhle ezikusweleyo, nokususa kuzo okubi ezikuchithayo zisebenza. Lawo'mathumbhu-ke o mzimbha iyo imithambho yawo; igazi-ke y'iwo amanzi afikisayo okuhle, emuke nokubi.

Siyabona kulokho ukuthi igazi li'misebenzi 'mibili, ukuthi, ukuyisa okuhle emzimbheni, nokubuya nokubi. Nemithambho futhi, elihamba ngayo, i'ntlobo'mbhili nayo ngakho lokho, ukuthi nje, eyokuyisa okuhle emzimbheni wonke, neyokubuyisa okubi konke kwakhona.

Igazi, ukuhambha kwalo emzimbheni, singathi liyathathela emaphashini. Ukuphuma kuwona, libomvu tsebhu. Lithi lisaya phambhili, ligobhoze ngemithambho ethile (arteries), eyona embhelekile, imvamayayo, phakathi enyameni, ingabonakali emzimbheni ngaphandle. Uma nga kuqunywa omunye wale' mithambho enjalo, ningabona igazi limpompoza kuleso'sinqama esingentla; nithi uma nifuna ukulinqamula, igazi, nibophe sona. Ukubuya kwalo igazi emzimbheni, libe selil'ufipha, umbala walo. Lithi libuya, lihambhe ngeminye imithambho ethile (veins), eyona isimze i gwenguleke ngaphantsana kwesikhumbha nje, ibonakale kakhulu emehlweni, njengoba kunjalo emkhonweni nas'emilenzeni. Kuthi uma nga kuqunywa omunye wale'mithambho yalol'uhlobo, igazi lifunyaniswe liphuma kuleso'sinqamu esingezantsi, kunge esangentla; igazi libe kungathi liyaw'enyusa umzimbha.

Ehe! y'ilo igazi eligezayo umzimbha wonke phakathi; y'ilo futhi elithuthayo ukudla kwazo, likuyise kuzo, zonke izitho nezindawo zomzimbha. Nank'umzimbha wakho, 'mfana, uya uthuthuka njalo. Uthuthukiswa y'ini? Uthuthukiswa y'ilo igazi, okuy'ilona liyisa emzimbheni wonke izinto lezo ezibumbayo inyama. Nanti'thambho logalo lide likhula. Likhuliswa y'ini? Likhuliswa igazi, elona liyisa kulo impahla yonke eliz'akhayo ngayo. Yebo! lithi lidlula, ligijima, igazi, izitho zonke zibe zithatha kulo lokho ezikuntulayo ukuba zikhule, ziphile. Zithi zisakhotha kulo okuhle lokho, okung'ukudla kwazo kambhe. zibe zilahla kulo futhi okubi okukuzo, okuy'imfucumfucu nokubolileyo, khona kuyakukhukhulwa y'ilo, limuke nakho, likuntyinge ngapandle.

Kunjalo ukuhambha kwegazi, lizungeza phakathi emzimbheni womuntu, lilokhu liphuma, liphindela, emaphashini, kwasa nje. Umuntu azalwe, aye axhegule, y'ilokhu lagobhozayo, imini nobusuku, lingemanga na'kuma. Kepha l'enziwa y'ini, 'bandla? Umshini owona uliqhubayo kawukho emaphashini. Uphi pho? Us'entliziyweni phela. Lonke igazi elibuyayo emzimbheni, lithi lingakayi emaphashini, kuswelekile kuqala lingene phakathi kuyo intliziyo; nalo lonke igazi eliphumayo emaphashini, liphindela emzimbheni, lithi lingakayi khona, kuswelekile kuqala lingene entliziyweni, libe seliqhutywa iyo, lisiwe ngentla, lisiwe ngezantsi.

## AMA GAMA ABANTU ABA NIKELA ngo MGQIBELO. BE NIKELELA ISIKOLE sas'OHLANGE.

### Mhla komdhlalo e Matyeni (Durban).

Umnumzane wase Tekwini Captain of the Vultures. 2s. 6d. for the Wild Zebras.

| | £. | s. | d. |
|---|---|---|---|
| Mr. Nkwanyana | | 1 | 0 |
| Mr. Wade i President | 1 | 0 | 0 |
| Messrs. William Shangase | | 1 | 6 |
| Albert Ngcobo | | 10 | 0 |
| Jack Buyela | | 5 | 0 |
| Kuzwayo Nhlangoti | | [illegible] | 0 |
| Mbulaleni Dube | | 2 | 0 |
| Vumela Makanya | | 1 | 0 |
| Mvungana Mbuyavi | | 1 | 0 |
| Eliyeza Namene | | 10 | 0 |
| Francis Mtembu | | 1 | 0 |
| Amon Mhlongo | | 1 | 0 |
| Basizeni Masoka | | 3 | 1 |
| J. M. Mtembu | | 1 | [illegible] |
| Njonjo Mkize | | 1 | 6 |
| Johannes Cebekulu | | 1 | 0 |
| Charlie Mageba | | 2 | 0 |
| Joseph Gumede | | 1 | 0 |
| Lutuli | | 1 | 0 |
| Nathaniel Butelezi | | 1 | 0 |
| J. B. Cele | | 1 | 0 |
| Luke Mafuze | | 1 | 0 |
| Joldan Lutuli | | 1 | 0 |
| Diya Mhlongo | | 1 | 0 |
| George Nzimande | | 1 | 0 |
| John Mapumulo | | 1 | 0 |
| Miss Madelana Hlongwana | | 1 | 0 |
| Philimon Hlongwana | | 1 | 0 |
| Mrs. Albert Ngcobo | | 2 | 0 |
| Abselom Bhengu | | 1 | 0 |
| John Njapa | | 1 | 0 |
| Dick Kuzwayo | | 1 | 0 |
| Gobishinga Goba | | 1 | 0 |
| Davide Gasa | | 1 | 0 |
| Davide Mbambo | | 2 | 0 |
| John Nyandu | | 2 | 6 |
| Captain D. Unity | | 1 | 0 |
| Somseu Nzimela | | 1 | 0 |
| Mkize | | 2 | 0 |
| Miss Nzama | | 1 | 0 |
| Charlie Buyela | | 1 | 0 |
| Esmela Gumede | | 1 | 0 |
| Henry Lucas | | 1 | 0 |
| Thomas Kafi | | 1 | 0 |
| Zwelibanzi Mzimela | | 1 | 0 |
| Josaya Zuma | | 1 | 0 |
| Sikwata Bhengu | | 1 | 0 |